Isifundo 11

**June 8–14*

Imindeni Yokholo

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

IZenzo 10:1–28, 34, 35; 1 Kor. 2:2; 1 Thes. 5:21, 22; Johane 1:12, 13; 3:7; 1 Johane 5:1.

Indimana Yekhanda:

"Ngalokho-ke . . . masigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo, sibhekile kuJesu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, owathi esikhundleni sentokozo ayibekelweyo wathwala isiphambano engalinaki ihlazo, wahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu" (Heberu 12:1, 2, NKJV).

Noma ngabe yisiphi isigaba sempilo esesikuso, noma yini esesidlule kuyo noma esisazobhekana nayo, sikhona ngokwemvelaphi yesiko. Abazali bethu, izingane zethu, amakhaya ethu, imindeni yethu, kanye nalo ibandla lethu—konke kuthintwa yisiko lendawo esikuyo, kakhulu, futhi. Nakuba zikhona ezinye izinto, ukuguqulwa kweSabatha liye kwiSonto kwakuyisibonelo esinamandla sendlela isiko langalesosikhathi, ngamandla futhi kabi, laba yithonya ebandleni. Sonke isikhathi sidlula ngasenkonzweni sibona uphawu lwezinkozo zangeSonto, sikhunjuzwa ngendlela isiko elinamandla ngayo.

Imindeni yamakholwa inqwamana nezinselele zesiko sonke isikhathi. Ngezinye izikhathi amathonya esiko angaba mahle; izikhathi eziningi, nokho, ithonya liba ngelibi. Izindaba ezinkulu ngezokuthi amandla evangeli asinikeza ukukhanya, induduzo, kanye namandla okubhekana nezinselele ezilethwa yisiko. Kuleliviki sizobheka izindlela zokuba "yimindeni yokholo," lapho sifuna ukuba "ngabangenacala, abantwana bakaNkulunkulu abangenasici phakathi kwesizukulwane esiyisigwegwe nesiphambeneyo, enikhanya phakathi kwaso njengezinkanyiso ezweni" (Fil. 2:15, NKJV).

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 15.*

Bambelela Kokulungileyo

Njengoba ivangeli lizungeza umhlaba, amaKristu anqwamana namasiko kanye nemikhuba ehlukahlukene, iningi lako okumayelana nemindeni kanye nobudlelwane emphakathini. Omunye wemibuzo emikhulu kakhulu kubavangeli bamaKristu umayelana nendlela okumele babhekane ngayo ngemikhuba yamasiko ehlukene, kuhlangene nobudlelwane bemindeni abangase bangathokozi ngayo.

Funda iZenzo 10:1–28, 34, 35. Yini esingayifunda lapha mayelana nesidingo sokunqoba izihibe lapho sibhekana namanye amasiko na?

Ukufa kukaKristu kwakungokwezono zawo wonke umuntu, yonke indawo. Abantu abaningi abakalazi leliqiniso elikhulu. Ukuletha lezizindaba nesimemo sokuthi baphenduke ngumsebenzi wezovangelo lwamaKristu. Ngenxa yokuthi uNkulunkulu akakhethi bala, amaKristu abizelwe ukuphatha wonke umuntu ngenhlonipho nangobuqotho, babanikeze ithuba lokwamukela ukuthi izindaba Ezilungileyo ngezabo, ngokufanayo.

Siphetho sini abavangeli bamaKristu okuqala abafinyelela kuso mayelana nokwethula ivangeli kwamanye amasiko na? Yisiphi isimiso esingasithatha kulezizindimana na? Zenzo 15:19, 20, 28, 29; 1 Kor. 2:2; 1 Thes. 5:21, 22.

Nakuba lonke isiko liveza umfanekiso wesimo esiwile sabantu kulo, amasiko angaba nezikolelo eziningi ezihambisana neZibhalo, ezingaba wusizo emsebenzini wevangeli. Ukubaluleka okubekwa kubudlelwane emndenini kanye nasemphakathini ezindaweni eziningi zomhlaba yisibonelo. AmaKristu angaphakamisa futhi aqinise lokho okuhle futhi okuhambisana nezimiso zezibhalo. Kusenjalo, iqiniso likaNkulunkulu akumele livumelane nje. Umlando webandla ngokudabukisayo uveza ukuthi ukuvumela isimo kumasiko kubenemiphumela yokuvala isikhala kwezinkolo mbumbulu zamaKristu eziziveza sengathi ziyiqiniso. USathane ubanga ukuthi ungunkulunkulu walomhlaba futhi ngokuthokoza wandisa lokhukudideka, kodwa uJesu ulihlengile lelizwe, futhi uMoya Wakhe uhola abalandeli Bakhe kulo lonke iqiniso (Johane 16:13).

Lungakanani ukholo lwakho olubunjwe ngamasiko akho, futhi lingakanani iqiniso lezibhalo na? Ungafunda kanjani ukwehlukanisa phakathi kwakho kokubili na? Lungela ukuxoxa ngempendulo yakho eklasini.

Amandla Esiko Emndenini

“Ngokuba ngimkhethele ukuba ayale abantwana bakhe nendlu yakhe emva kwakhe ukugcina indlela kaJehova nokusebenza ukulunga nokwahlulela, ukuze uJehova amenzele u-Abrahama lokho amthembise khona” (Gen. 18:19).

Nakuba kungaqhamuka ezikhathini ezingafani, imindeni iyizakhi zomphakathi; ngalokho, izimpawu eziningi ezigqamile zemiphakathi eyehlukene zixhumene nemindeni. Ngokwesibonelo, esikhathi sakudala kwakungumthwalo wendoda ukudla isidumbu zabazali bakhe; kwelinye isiko, indoda efuna umlobokazi kwakumele ilethe ilobolo kubaba wentombazane lwamakhanda ashwabene esizwe esiyisitha. Nakwizikhathi zamanje, imiqondo ephathelene nabantwana, ukuthandana, ukwehlukanisa umshado, ukushada, abazali, njalo, njalo, yehluke kakhulu. Lapho sisabalalisa ivangeli kulamasiko ahlukahlukene, kumele sifunde indlela yokuxhumana nabo ngezindlela ezingalulazi izinkolelo zethu, futhi singabangi izinkinga ezingadingekile. Kusenjalo, ngokusondela ekhaya, kumele siqaphele amathonya amasiko athinta imindeni yethu.

Kungaziphi izindlela amasiko athinta ngayo impilo yasekhaya kwizibonelo ezilandelayo na? Yiziphi izimiso esingazifunda kulezizibonelo na?

Gen. 16:1–3 _____

Gen. 35:1–4 _____

Ezra 10 _____

1 Amakhosi 11:1 _____

Akekho kithina ophila esikhaleni; sonke kanye nemindeni yethu sithintwa ngamasiko esiphila phakathi kwawo. Umthwalo wethu njengamaKristu ngowokuphila phakathi kwamasiko kangangokuba sinako, sigcine lokho okuhambisana nenkolo yethu, ngenkathi sigwema, kangangokuba sinako, lokho okushayisana nayo.

Yiziphi izinto esikweni ophila kulo eziwusizo empilweni yomndeni futhi ezihambisana neBhayibheli na? Yiziphi eziphikisana nalo na? Ungafaka kanjani inkolo yakho esikweni lakho ngaphandle kokulahla amaqiniso abalulekile na?

Ukugcina Imindeni Ngezikhathi Zenguquko

Inguquko yinto esingeke sayibalekela, eyenzeka emindenini, noma siphila kweliphi isiko. Enye inguquko ihambisana nempilo okulindeleke yenzeke. Imvamisa inguquko ayilindeleki, njengokufa, izinhlekelele, izimpi, ukugula, ukuthutha kwemindeni, noma ukwehluleka emisebenzini. Imindeni eminigi ibhekana nezinguquko kwezomnotho kanye nezinguquko kwezomphakathi kanye namazwe. Ezinye izinguquko zihlobene ngqo nesiko.

Ngezansi ngezinye zezibonelo zezinguquko ezinkulu, nezethusayo abantu ababhekana nazo. Usebenzisa umcabango wakho, zifake esikhundleni sabo. Lezizinguquko zayithinta kanjani imindeni na? Zikhali zini owawungaba nazo ukumelana na? Wawungaphendula ngokwehlukile kanjani na?

Abraham, Sarah, and Lot (Gen. 12:1–5)

Hadassah (Esther 2:7–9)

Daniel, Hananiah, Mishael, and Azariah (Daniel 1)

Nezinguquko kuza amava okuswela kanye nokukhathazeka ngokungaqiniseki ngekusasa. Ngokuncike ekhonweni lomndeni ukuhambisana nezinguquko, lamava angaqhuba abantu kumazinga amasha okukhula nokuthakasela izinto zikamoya, noma zingaholela ekucindezelekeni nasekukhathazekeni. USathane usebenzisa ukuphazamiseka okuza nenguquko, enethemba lokufaka ukungabaza nokungamethembi uNkulunkulu. Izithembiso Zezwi likaNkulunkulu, imithombo yomndeni nabangani, kanye nesiqiniseko sokuthi izimpilo zabo zazisesandleni sikaNkulunkulu kwasiza amaqhawe namaqhawekazi amaningi okholo ukubhekana ngempumelelo nokuphazamiseka okukhulu kwempilo.

Uma wazi othile (noma ilungu lomndeni) obhekene nenguquko eyesabisayo, yenza okuthile okuphathekayo ukubasiza nokubakhuthaza.

Ukuya Enkolweni Yesizukulwane Sokuqala

Iyiphi inkinga yenkolo eyaba khona kwaIsrayeli ngemuva kokufa kukaJoshuwa nontanga yakhe na? Abahl. 2:7–13.

Izifundo zendlela izinkolelo ezinhlelweni ezinjengamabandla ezidluliselwa ngazo ezizukulwaneni ezilandelayo ziveza ukuthi abasunguli banamazinga aphezulu okuzinikela ezinkolelweni. Yibona abazigqamisa kuqala. Phakathi kwesizukulwane noma ezimbili, iningi lilahlekelwa ngumbono wezimiso ngemuva kwezinkolelo. Bangahambisana nohlelo, kodwa imvamisa, ngokomkhuba nje. Ezizukulwaneni ezilandelayo, imikhuba ivama ukuba yinkambiso. Ugqozi lwabasunguli alusekho.

Kuthiwe uNkulunkulu akanabo abazukulu, kuphela abantwana. Ucabanga ukuthi kuchazani Lokhu na? buka futhi uJohane 1:12, 13; 3:7; 1 Johane 5:1.

Indlela evamile yokudlulisa izimiso kwizizukulwane ezinde zobuKristu kube ngukuthi abadala batshele intsha lokho abakholelwa kukho. Ukufunda lokho okukholwa ngabazali noma okukholwa yibandla akuyona inkolo yomuntu. Ukuba ngumKristu kungaphezulu kokuba yilungu lohlelo elinomlando nemfundiso. Inkolo yeqiniso ayilona ufuzo, ayiyona into edluliselwa esizukulwaneni ngokwemvelo. Othile udinga ukwazana noKristu ngokwakhe. Abazali bangenza okuthile. Ibandla lilonke, kanye nabazali ikakhulu, badinga Ukwenza abanako ukudala isimo esizokwenza intsha ifune Ukwenza isinqumo esilungileyo, kodwa, Ekugcineni, isizukulwane sisindiswa noma silahlwa ngomuntu ngamunye.

U-Joe, ephuma ebuhedenini, wangena Ebandleni lama-Seventh-day Adventist esemdala ngemuva kwamava okuphenduka okunamandla. Washada nowesifazane ongum-Adventist futhi babanezingane ezimbalwa, abazikhulisela enkolweni. Ngelinye ilanga, ecabanga ngesimo sezikamoya sabantwana bakhe, wathi, "Oh, uma nje abantwana bami bebengaba namava enganginawo!" Ukube wawulapho, wawuzothini kuye na?

Abagijimi Besikhathi Sanamuhla

EBhayibhelini lakhe elidumile i-The Message, u-Eugene Peterson usebenzisa "umbiko" lapho kuqhamuka igama lebhayibheli le "vangeli." Izindaba Ezilungileyo nguJesu ngeqiniso ngumbiko osadingwa yizwe namuhla. Imindeni yamaKristu ibizelwe ukuba ibe namava ndawonye futhi yabelane ngawo kunoma yiliphi isiko ephila kulo.

Ungawufingqa kanjani "umbiko" usebenzisa izindimana ezilandelayo na? Mat. 28:5–7; Johane 3:16; Rom. 1:16, 17; 1 Kor. 2:2; 2 Kor. 5:18–21.

Izindaba zokuqala abafundi abagijima naza yonke indawo kwakungezokuvuka kukaJesu. Imindeni yamaKristu namuhla ihlangana nohla olude lwabagijimi elimemezela, " 'Uvukile,' " njengoba asho (Mat. 28:7, NKJV). Iqiniso lokuvuka Kwakhe lenza konke uJesu akusho Ngaye, ngoNkulunkulu nothando Lwakhe lwezoni, ngokuthethelela, kanye nangesiqiniseko sokuphila okuphakade ngokukholwa Kuye, kubeyiqiniso.

Ukushisekela ngevangeli. Izibhalo zisinikeza ukhasha lokuhamba kwevangeli kanye nomthelela walo ezimpilweni zabalandeli bakaJesu bokuqala. Bavula amakhaya abo ukuzofunda iBhayibheli; bakhuleka badla ndawonye, babelana ngemali nokunye, banakekelana. Imindeni yonke yamukela ivangeli. Ngabe ngokuphazima basebemsulwa na? Cha. Ngabe kwakusekhona ukuxabana nokungezwani phakathi kwabo na? Yebo. Kodwa ngendlela ethile lababalandeli bakaKristu babehlukile. Bavuma ukudinga kwabo uNkulunkulu nokudingana kwabo. Babeka phambili ubunye nokuzwana ekhaya nasebandleni, bezama ukugcwalisa umkhuleko waseGetsemane kaJesu (Johane 17:20-23). Bafakaza komunye nomunye nakwabangakholwa ngesibindi, bebeka izimpilo zabo engozini ngenxa yezinkolelo zabo. Kumele kubenjalo nangathi. Nakuso lesisikhathi, esifiphazekile ezintweni ezingcwele, abantu abathakasele okuthile basalalelwa. UMoya ulangazelela ukugcwalisa izinhliziyo zabantu ngenjabulo ngevangeli. Lapho izindaba Ezilungileyo ngempela ziba zinhle ezinhliziyweni zethu njengoba Kunjalo Ezwini, ukwabelana ngalo kozenzekela futhi ngeke kuvimbeke.

Yiziphi izinguquko okudingeka zenzeke emndenini wakho ezingawusiza ube yisithunywa "sombiko" esibizelwe ukwabelana ngawo na?

Umcabango Obanzi:

Ellen G. White, "In the Court of Babylon," pp. 479–490, in *Prophets and Kings*; "Words of Caution," pp. 324, 329; "No Respect of Persons With God," pp. 330, 331, in *Gospel Workers*; "Rejoicing in the Lord," pp. 115–126, in Steps to Christ. UNkulunku akakhethi muntu. "Inkolo kaKristu iphakamisa oyamukelayo ezingeni eliphezulu lokucabanga nokwenza, kusenjalo yethula sonke isintu njengezinto zothando lukaNkulunkulu, esithengwe ngomhlatshelo weNdodana Yakhe. Ezinyaweni zikaJesu, abacebile nabampofu, abafundile nabangazi, bahlangana ndawonye, bengacabangi amazinga noma ukuduma ezweni. Konke ukwehlukanisa komhlaba kukhohliwe lapho sibheka Kuye owagwazwa yizono zethu. Ukuzidela, ukuzehlisa, uzwelo olungenamkhawulo Lwakhe owayephakeme kakhulu ezulwini, kubeka ihlazo ukuzidla kwesintu, ukuzitusa, kanye nokwehlukana emphakathini. Inkolo emsulwa engagcolile ibonakalisa izimiso zasezulwini ngokuletha ubunye kubo bonke abangcwaliswe ngeqiniso. Bonke bahlangana njengemiphefumulo ethengwe ngegazi, ngokufanayo bencike Kuye obahlengele kuNkulunkulu."—Ellen G. White, *Gospel Workers*, p. 330.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Njengeklasi, xoxani ngombuzo wangeSonto.

2. Yiziphi izimiso esingazithola kwiscaphuno sika-Ellen G. White ngenhla okungathi, uma zisetshenzisiwe, zingaguqula izimpilo zemindeni yethu na?

3. Lenze kahle kangakani ibandla okulo ukondla isizukulwane esisha samakholwa na? Yini njengeklasi eningayenza ukulekelela ibandla kulomsebenzi osemqoka na?

4. Yiziphi izinselele zokuzama ukudlulisela inkolo kwesinye isizukulwane na?

5. Isiko ophila kulo liwuthinte kanjani umndeni wakho ngokuhle, futhi liwuthinte kanjani ngokuba na?